UVilakazi wayenezinkomo. Kulezi zinkomo zakhe kwakunezinkunzi ezimbili. Enye yayinombala onsundu enye impunga.





UVilakazi wayesebenzisa izinkunzi ukulanda izinkuni emasimini. Manje akasakwazi ukuhambisa izinkomo emadlelweni ngoba idolo lakhe lilimele.

“Hho! Ngizokhuluma noLanga ukuthi angelusele izinkomo zami,” kusho uVilakazi. Wacela uLanga, wavuma.






Zonke izinsuku uLanga wayethatha izinkomo azihambise emadlelweni, bese azise nasemfuleni ukuyophuza amanzi. ULanga wayengazithandi lezi zilwane, ikakhulukazi izinkunzi.

ULanga wayephatha kabi izinkunzi. Ehleka uma zehluleka ukubalekela ingozi. Ngesinye isikhathi ziwele emfuleni angazisizi.





Uma ebuyisela izinkomo ekhaya, wayeshaya izinkunzi ezikhuthaza ukuthi zigijime kakhulu.

ULanga wayenonya kakhulu.

Ekhaya, uma eqeda ukuvalela izinkomo esibayeni, uLanga kwakumele azinike ukudla kwazo. Bese evala isango ngezigodo, ahambe.





Ngelinye ilanga uVilakazi wathuma uLanga ukuyolanda izinkuni esigangeni. ULanga wathatha ikalishi nezinkunzi wahamba.

ULanga wabutha izinkuni ezanele. Ikalishi lagcwala kakhulu. Izinkunzi zadonsa ikalishi kalukhuni.

Ngokujwayelekile, uLanga waqala ukushaya izinkunzi ukuba zigijime kakhulu. Ngalelo langa, izinkunzi azizange zilinge nokugijima. Umthwalo wawusinda.






ULanga wathukuthela kakhulu. Waqala ukuthethisa izinkunzi. Wayengenandaba. Izinkunzi zazilambile, zomile futhi zikhathele.


Uma efika ekhaya, uLanga wakhumula izinkunzi wazingenisa esibayeni. Wangazinika ukudla namanzi. Wavala isango wahamba.





Ngemuva kokuhamba, izinkunzi zakhahlela isango lavuleka. Kwasabalala uthuli namatshe amancane yonke indawo, kubaleka ULanga ejahwa izinkunzi.

“Sizani! Sizani! izinkunzi ziyangihlasela!” kumemeza uLanga ngezwi eliphezulu.





“Sizani! Sizani!” kumemeza uLanga ebaleka. Wazama ukucasha ngemuva kwesakhiwo esidala esiseceleni nomgwaqo, izinkunzi zamlandela.


ULanga wacabanga ukubuyela kuVilakazi. Izinkunzi zamlandela. Wayegijima elokhu ebheka emuva. Uma ebheka, wabona ukuthi izinkunzi zimbhekile.





Uma izinkunzi zihlehla, wasukuma wagijima kakhulu. Ngokushesha wacabanga icebo. Wacela abangane bakhe abadala ukuthi bangenise izinkomo esibayeni.

ULanga wabona ukuthi izinkunzi aziyijabuleli indlela aziphatha ngayo. Walanda amanzi wawangenisa esibayeni, ehamba kancane. Izinkunzi zaphuza amanzi. Futhi, waletha ukudla. Izinkunzi zaqala ukudla.






ULanga wema esangweni wakhuluma nezinkunzi ngokuzithoba nangenhlonipho. Kusukela ngalelo langa, waqala ukuphatha izinkunzi kahle.

Weluleka nabanye abelusi ukuthi baphathe kahle izilwane, ngenhlonipho nangokunakekela.

ULanga wathatha izifundo ngokunakekelwa kwezilwane. Wafunda okuningi ngezilwane, nokuthi kumele aziphathe kanjani. Uthando lwakhe lwezilwane lwakhula. Waqala iqembu lokuvikela izilwane. Wanikeza nabanye abelusi izifundo zokunakekela izilwane.



Ulwazi Lwethu Readers

### Izinga 1-2

- Isomiso
- UNunu noBobo
- Amawele asizayo
- Lingandiza?
- Vala, vula, veza!
- Imbongolo kaGumbi
- Inyoka esibayeni!
- UMbali ukhumbule ubaba
- UMbimbi nesicabucabu
- UNdumi ufuna ukupenda
- UBongi umatasatasa!
- Basepulazini
- Bukela kimina, Phephe
- UShaka umangele!
- UMenzi nokuhlanzeka!
- Umlilo!
- Bahlala bebobabili!
- Umshado wezinkawu
- UShonaphi ulimele
- Asongeni amanzi
- UFumani nembuzi
- Isobho lemifino
- Isihluthu
- Abangani kunoma yisiphi isimo sezulu!
- Ubuchule bukaSidlodlo

### Izinga 3

- Ijazi eliguqukile
- Angiyithandi imifino!
- UNtando ojabulile!
- Uthingo lwenkosazane lukaThando
- Ingubo kaShila
- Uthando lwamawele
- Izicathulo zikaThobile ezintsha
- Basiza umkhulu ukuze alulame
- UNtombi ubamba isigebengu!
- Isifo sezingulube
- Umlimi uNceku nezinkawu
- Ukufunda ngamaxoxo
- Isifiso sikaNhlawulo siyafezeka
- Amanzi! Amanzi!
- Isihlahla eselaphayo
- UMoli neziqhumane
- Amaqanda kaDwiki alahlekile
- Isimangaliso sembewu
- UMabonwa uyasazi isikhathi
- Soweto
- Icebo elihle likaMandla
- Izipho
- Isibhelane sikaKulani
- UFani noSiba
- Umdlali ovelele
- Ibhola elilahlekile
- Indandatho yegolide
- UMondli uphethwe yisisu
- Ukunambitha ukudla kwesiVenda
- Isiko lwamaVenda
- Sivakashela esiqiwini
- UNomazwi uzigcina ephilile!

### Izinga 4-5

- Izinyosi
- Ujaheni Wenzile?
- Ingwenya enonya
- Izinhlobo zezithuthi
- Ukuziphindisela kwezinkunzi
- UThuthuva uqala kabusha
- Intombazana ehlakaniphile
- Izimpahla zinkulu kimi!
- Abafana abahlakaniphile
- Umdobi wezinhlanzi
- Ubusuku obungalaleki
- Isifo somkhuhlane
- UNomadlakadlaka onesibindi!
- Inkinga engadini kagogo
- Isicathulo esihle
- Iphupho likaSiviwe

Ulwazi Lwethu yiphrojekthi yeZenex Foundation exhaswe ngezimali futhi esungulwe ukuthuthukisa uchungechunge lwezincwadi zokufunda zolimi lwase-Afrika, ezisemazingeni kanye nezokungcebeleka, nezinsiza zokusekela othisha. Le phrojekthi iqondiswe ekufundiseni nasekusekeleni abafundi abaseSigabeni Sabokhewane ukuze bathuthukise ukufunda nokuqonda kwabo ulimi lwasekhaya. Izincwadi zokufunda zisungulwe ngezilimi eziyisishiyagalolunye zase-Afrika ngokubambisana neMolteno Institute for Language and Literacies, Nelson Mandela Institute for Education and Rural Development, Room to Read South Africa, kanye neSaide. Zonke izinsiza zenziwa njengе "Open Education Resources" (OER).

Please visit our website to download the full copy of this reader:
***ulwazilwethu.org.za***

Creative Commons Attribution-NonCommercial-NoDerivatives (CC BY-NC-ND) 4.0 International Licence

Disclaimer: You are free to download and share this work as long as you attribute Zenex Foundation, but you may not change this work in any way or use it commercially.

ISBN: 978-1-77981-602-3